Esinye isigaba lapho amazwe enyakatho alahlekelwa khona kakhulu kusenhlangothini lokwemba lakwezemigodi. Ukwemba kwaziwa kakhulu ngokuletha ukubhidliza kwendawo lendawo ehlala abantu, njalo amakhampeni okwemba lawa aziwa kakhulu ngokwehluleka ukudala ubudlelwano phakathi kwalapho abasebenzela khona lokuthuthukisa umnotho welizwe okungakhuthaza ukukhula kwamakhampeni azimeleyo lokuletha ingqubekela phambili. Kanye lokuletha imisebenzi emitsha. Lokhu kubangelwa yikuthi amakhampeni ahandle abuya lemitshina, imali, ingcitshi kanye lobukhokheli. Ngemva kokugebha amakhampeni lawa athwala amatshe lawo ewase ngaphandle kwelizwe ukuthi ayololongwa. Ngenxa yokuba amakhampeni lawa asebenzisa imali enengi kakhulu ekwembeni kubangela ukubana adale imisebenzi emilutshwane. Yikho osokudale ukuthi kube lombono obanzi owokuthi into emqoka mayelana ngengqubela phambili elethwa ngokwemba lazwekazi leAfrica yikubana kubekwe umthelo kugatsha lolu. Emazweni anotho kakhulu kwezendalo ezigoqela ukwemba, uhulumende engazuza imali enengi kakhulu ngemali yokubongwa ngamakhampeni asebenzela elizweni kanye lemithelo etshiyeneyo.

Ukunikeza amakhampeni lawa amakhulu adlulisa amalawulo kuyancindezela injongo yokubuthelela umthelo njengoba amaMNCS amanengi aqilibezela ohulumende ukuthi nxa befuna ukuthi bafake imali yabo elizweni kumele bakhululwe ekubhadaleni imithelo etshiyeneyo. Izivumelwano lezi zikhuthaza ubuqili njengoba kuyabe kungekho sobala okudala ukubana umphakathi lezinye ingatsha zikahulumende zehluleke ukubona ukuthi kutholakale malini kwezokwembiwa njalo lokuthi imali etholakalayo isetshenziswe njani kubudget yelizwe.

Ukukhululwa kwemithetho yokuthengiselana okukhokhelela ekulahlekeni kwemithelo

Ukukhululwa kwemithetho kwezokuthengiselana ngenye indlela ohulumende basenyakatho abalahlekwelwa khona yimali yomthelo. Amazwe asenyakatho amanengi eyame kakhulu emalini etholakala emithelweni efakwa empahleni ezivela ngaphandle kwelizwe, ngoba imithelo leyi ilula ukuyibutha, uma kuqathaniswe leminyane imithelo. Imali etholakala emithelweni leyi yi 1/3 yemali etholwa nguhulumende kwamanye amazwe iyabe iphezulu kakhulu.

Uma kukhangelwe eminyakeni edlulileyo ngenxa yezixwayiso lezimiso ezibekwe yiWorld Bank leIMF amazwe amanengi ayehlise imithelo yawo osokudale ukubana bathole inzuzo encane kakhulu emalini ezitholakala ngokuthelisa. Namhlanje izivumelwano ezinengi ezenziwayo mayelana ngokuthengiselana zilokhu zidonsela phansi inzuzo etholwa ngamazwe iyabe iphezulu kakhulu.

Uma kukhangelwe eminyakeni edlulileyo ngenxa yezixwayiso lezimiso ezibekwe yiWorld Bank leIMF amazwe amanengi ayehlise imithelo yawo osokudale ukubana bathole inzuzo encane kakhulu emalini ezitholakala ngokuthelisa. Lanamhlanje izivumelwano ezinengi ezenziwayo mayelana ngokuthengiselana zilokhu zidonsela phansi inzuzo etholwa ngamazwe asenyakatho.

Uma kukhangelwa okwaphumayo emhlanganweni weUnited Nations Conference on Trade and Development (WTO) kukhangelwa ukuthi amazwe engalahlekelwa yimali engange \$64 billion ngenxa yokulahlekelwa ngumthelo wokungenisa imali emazweni. Imali le iphezulu okuphindwe kane kuleyo amazwe asenyakatho azayithola ngokuthengiselana okuphindiweyo. Kunkulumo ezisaqhutshwa lalezo ezabhalwana phansi phakathi kweEU lamanye amazwe ezwekazi, aweCaribbean lawePacific (ACP) okwaziwa ngokuthi Economic Partnership Agreements lakho kuzabangela ukulahlekelwa yimali okukhulu emazweni aleminotho exegayo, kubangelwa yikulahlekelwa ngumthelo lo. Ilizwe leCote d'Ivoire licatshangelwa ukuthi lizalahlekelwa yi\$83 million ngomnyaka, okuyimali elingana lemali abayisebenzisa kwezempilakahle ebantwini abayingxenyane yesigidi.

Inhlanganiso yeIMF lamanye amaqembu kuzivumelwano zemithelo isikhankasela ukuthi kusetshenziswe umthelo weVAT endaweni yeminyane imithelo yezokuthengiselana kodwa njengokuvezwe ngaphambilini umthelo weVAT ngumthelo obuyisela emuva. Kulandelwa ukucutshungulwa okwayenziwayo kutholakala ukubana inzuzo etholakala ngomthelo weVAT iphansi kakhulu uma iqathaniswa laleyo etholakala nxa kusetshenziswe imithelo yokuthengiselana. Emazweni angakathuthuki IVAT leminyane imithelo iletha 1/3 eyemithelo eyabe ingatheliswanga, lokhu kudala ukubana kuswelakale imali yokuphathisa uzulu.

Ukufihlwa kwenzuzo kukhokhelela ekucatsheni kwezokubhadalwa komthelo

Sesihlolisise indlela ezisetshenziswa ngohulumende ekuhugeni abantu bangaphandle ngokwehlisa imithelo, ukungabhadalisi umthelo le engaqoqwayo okukhulu kwenzuzo okudala ukubana kubelokucatshelana lokubhadalwa kwemithelo. Bunengi ubuqili obungasetshenziswa ukuze kungabhadalwa umthelo.

Ubuqili kwezokuthengiselana

Kucatshangelwa ukubana inani elingamatshumi ayisithupha ekhulwini emhlabeni lokuthengiselana lwenzakala phakathi kwamaMNCS, lapho ingatsha zawo ezitshiyeneyo ziyabe zithengiselana impahla. Ukucatshela ukubhadala umthelo kutholakala kakhulu kuma MNCS alengatsha emazweni amanengi ayanelisa ukuguqula inzuzo yawo okumele ibhadale umthelo? Enye indlela esetshenziswa ngamaMNCS ukubalekela ukubhadala umthelo yikudlala ngentengo yempahla zabo emazweni atshiyeneyo. Ubuqili bokudlaliswa kwentengo kugogqela ukuthengiselana kwamaMNC ngentengo engaphansi kumbe ephezulu kulentengo yokuthi kungakhanyi ukuthi impahla ithengiswa malini ukuze aqile ekubhadalweni komthelo. Izimiso zokuthengiselana emhlabeni zidinga ukubana amakhampani afake intengo ezintweni abazilungisayo leminyane imisebenzi yabo kungani akulabudlelwano phakathi kwawo, njalo kufane lalokho okwenzakalayo nxa bethengiselana nje, kodwa kunzima ukubeka intengo empahleni ethile. Ngenxa yalokhu ikhampani ingenelisa ukuthengisa ezinye izinto ezenziwa ngenye ikhampana yayo phakathi kwamaMNC ngokusebenzisa intengo eziphezulu kumbe phansi kakhulu. Amakhampani lawa anikeza inzuzo kwezinye ingatsha zawo ngenhloso yokuthi ebhadale umthelo ophansi.

Nxa lokhu kungenzakala abakhankasela ukulunga komthelo bakubiza bethi yiTransfer mispricing. Njalo ngokufanayo uma kusenziwa ngamakhampana atshiyeneyo kubizwa kuthiwe yifalse invoicing, konke lokhu kubizwa kuthiwa yitrade mispricing. Kucatshangelwa ukubana amatshumi amahlanu ekhulwini kwezokuthengiselana eLatin America lamatshumi ayisithupha ekhulwini kuzwekazi leAfrica asebenzisa intengo engayisiyo ngengxenyane elitshumi ekhulwini.

Amazwe alahlekelwa yinzuzo ngalezi ndlela yilawo angabayanga ngoba abengatsha zokuqoqa imithelo ezilolwazi kanye lokuswelakala kwengcitshi ezokuhlolisisa ngalokhu okuyabe kusenzakala. Ukungasebenzeli mgceke lokufihlwa ekubikeni ukusetshenziswa kwemali kubangela ukuthi ingatsha ezibona ngokuqoqwa komthelo ziyehluleke ukuthola ukuthi kumele ziphiwe malini ngoba amakhampani kawabanjwa ngamandla ukuthi abike, inzuzo yawo, lezinye ingatsha zawo kubohulumende lapho abasebenzela khona. Ngakwelinye icele amaMNCS alemali enengi lezindlela eziphicayo ezokusebenza ezokufihla inzuzo yawo okwenza kubenzima kwababutha umthelo emazweni asenyakatho.

Ukulahlekelwa okungabangelwa yiTrade Mispricing

Inhlanganiso yeChristian Aid icabangela ukulahlekelwa kwamazwe asenyakatho ngenxa yeTrade mispricing kufika ku\$160 billion amadola eMelika. Izibonelo ezilandelayo ziveza ukulahlekelwa kwanye amazwe:

- Ngomnyaka ka2007 ilizwe leBangladesh lalahlekelwa yimali engange US\$ 172.6 million kwezomthelo kubangelwa yitrade mispricing uma kukhangelwa kwezokuthengiselana phakathi kweEU leUSA, kwezokuthunga lokukrosha. Emzameni yokukhuthaza ukukhula lokhu uhulumende wabeka imali yokukhuthaza ubungcitshi lemali yokusekela ukuthengiswa kwempahla ngaphandle kwelizwe kodwa loba kunjalo uhulumende walahlekelwa kakhulu yimali yomthelo ngenxa yetrade mispricing.
- Ngomnyaka ofanayo, iVietnam layo yalahlekelwa yimali efika kuUS\$171 million kuthi njalo iPakistan yalahlekelwa yiUS\$152 million.
- iKenya icatshangelwa ukuba yalahlekelwa yimali engange US\$2 billion phakathi kweminyaka ka2000 kusiya ku2008 ngenxa yemali eyayiphuma elizweni okungekho emthethweni, okulingana lamatshumi ayisikhombisa ekhulwini uma kukhangelwa uhlelo lokusetshenziswa kwemali elizweni okomnyaka ka 2010 kusiya ku2011 eyayi US\$2.7 billion. IKenya Revenue Authority (KRA) icwayisisa ukusebenza kwamaMNC agoqela amakhampani abona ngezokuthengisa amaluba ngokusebenzisa itransfer mispricing njengendlela eyabangela ukulahlekelwa yimali okukhulu. Umnumzana John Njiraini oyisiphathamandla kwezomthelo eKenya ubika ukuthi ezinye ingatsha ziyabika ukuthi zilahlekelwe zona zingalahlekelwanga, ngakho kusacutshungulwa ukuthi azisebenzisanga kubi itransfer pricing.

Ukubika kwezwe linye ngalinye

Kuqakathekile ukubana amakhampani asebenzele egcekeni kuwonke amazwe lapho asebenzela khona. Ukubika kwezwe linye ngalinye yisikhali esingasetshenziswa ukubana amaMNC asebenzele egcekeni njengoba siveze ukubana ukubalekela ukubhadala umthelo luhlupho lomhlaba wonke jikelele. Kugoqela ubuqili bokusetshenziswa ngamakhampani njalo ngokuyekethiswa komthetho eyokuthelisa okuvumela amaMNC ukuthi ayenelise ukuthwala inzuzo isiya kwelinye ilizwe ngenjongo yokwehlisa umthelo okumele bawubhadale ngenzuzo zawo. Ukubalekela ukubhadala umthelo okukhulu kangaka okwenzakala emhlabeni wonke jikelele kubangelwa yikungasebenzeli egcekeni kwamMNC's ikakhulu uma kukhangelwe izingwalo zabo zokusetshenziswa kwemali. Ukusebenza ngendlela ecacileyo kwamaMNC kungaphathisa ingatsha ezikhangelane lokunceda uzulu kanye labohulumende ukubana babanikeze umlandu wokuhlawula umthelo okuhambelana lenzuzo yabo.

Umqondo lo wasungulwa ngabakhuthaza ngokulunga komthelo khathesi usuzuze useleko lweEU njalo sokuze kwafika kunhlanganiso ezigoqela, OECD leUnited Nations Tax Committee lezinye ingatsha ezitshiyeneyo.

Ukungasebenzi mgceke kwamakhampani kayisiyo yodwa indlela yokubalekela ukubhadala umthelo kodwa okunye kubangelwa yikuswelakala kobudlelwano phakathi kwamazwe uma kukhangelwa indaba zomthelo. Ukufihla lapha okusetshenzelwa khona kunganqabela indlela ohulumende abangabutha ngazo imali njengoba kuvumela amakhampani lawa labanye abantu ukubana babuthelele impahla zabo khatshana lababona ngokubhadalwa komthelo.

Indawo ezifihlakeleyo (Ezibizwa kuthiwa ngama Tax Havens)

Kubikwa ukuthi kulendawo ezifihlakeleyo ezingamatshumi amahlanu kusiya kwezingamatshumi ayisikhombisa emhlabeni ezivumela amakhampani labantu abanothileyo ukubana bafihle inotho lenzuzo yabo ukuze babalekele ukubhadala umthelo. Indawo lezi zenza kubenzima ukuzithola. Abezokulunga komthelo bacabangela ukuthi imali efihlwe nsitha ingaba kubo US\$11 trillion okubangela ukuthi abezomthelo belahlekelwe yiUS\$255 billion ngomnyaka. Indawo ezinsitha lezi zibangela ukuthi ingatsha ezibona ngezemali emazweni anothileyo lampofu zilahlekelwa yimali enengi, kodwa ukulahlekelwa lokhu kubonakala kakhulu emazweni asenyakatho ampofu angeke amelane lokulahlekelwa lokhu. Kwezinye izikhathi indawo lezi zisetshenziswa ukugcina imali yokufumbathisa ohulumende kumbe ukufihla inzuzo entshontshwe kuhulumende.

Indawo ezinsitha lezi zivumela amaMNCS labantu abanothileyo ukuthi bavule izikhwama ezingaziwayo ngabanye, njalo amagama abo agcinwa nsitha kunye lawa labo abangayenelisa ukuthatha imali kuzo izikhwama lezi. Lokhu kuyenza ukubana umthelo oyabe umele ubhadalwe enzuzweni le ungasaziwa.

Ukuphona ulwazi mayelana ngomthelo (Automatic Tax Information on Exchange)

Inhlanganiso ezizimele zodwa zikhuthaza ukuthi kungabi lenkethabetshabi ngokuphona ulwazi ngokwezomthelo ukuze kuqedwe udubo lwendawo ezinsitha, eziyizo ezibangela ukuthi abantu bayekele ukubhadala umthelo. Isivumelwano lesi sitsho ukubana amazwe ayenelise ukuthola ulwazi ngokwenzuzo eyenziwa ngamakhampani labantu endaweni ezinsitha. Lokhu kuzahlomisa amazwe ngolwazi oluqakatheke kakhulu ngokuphathwa kubi komthelo lendawo lapho okumele kuphenywe khona.

Njengokwenziwe kulesi sahluko umthetho ngokwezomthelo ulempumela enkulu njalo uqakathekile kakhulu kunhlelo zama CSO's kusukela ekukhululeni imali eyenhlelo zenguquko kusiya ekunciphiseni ibanga eliphakathi kwabanothileyo labayanga. Emazweni amanengi indaba ezimayelana lokomthelo ziphethwe ngosomabhizimusi lalabo abanothileyo kuphela. Indingeko zabo zitshiyene kakhulu lezomphakathi ikanti izinqumo ngokwezemali yizo eziqakatheke kakhulu / yizo ezimqoka. Kuqakathekile ukuthi uzulu aphe umbono wakhe mayelana ngezomthelo ukuze kube lombono obanzi mayelana ngomthelo, kumbe kulethe inkuthazo kumithelo leyi lempumela engaba khona kuzulu wonke.

Okokwenza

Ikhasi leli linika okhokhelayo labaphathekayo ithuba lokwabelana ulwazi abalutholileyo ngesikhathi sokuqeqetshiswa njalo bethule okungenziwa ngalokho abakuhlolisise emuva. Indlela lezi kumele zisetshenziswe njengenkokhelo yokuthi izimiso lezi zizoyenziwa njani.

Imicijo kokhokhelayo

Engxoxweni lezi amaqembu kumele aqambe okungenziwa ukubana kube lomthelo olungileyo. Tshono ukuthi imithelo elandelayo:

- yeVAT le Pay As You Earn (umthelo obanjwa emholweni womuntu iqondile na, uyakwazi ukuthi iya ngaphi na, kuyini okungenziwa ukuthi kuthuthukiswe ukuqoqwa lokusetshenziswa kweVAT, uzakwenzani ngendaba ezivezwe ngaphambilini?
- Ilungelo lokuthola ulwazi – khanyisa ukubana ilungelo lokuthola ulwazi, ukukhankasela ngokolwazi kokwezemithelo, ukunikeza abathungameli umlandu wokuthi baveze inzuzo yabo, lokuthi inzuzo le bayisebenzisa njani njalo lokuthi imali kumele isetshenziswe ngaphi.
- Khankasela ukuthi izikwelede zimbi lokubana ukubuthelela umnotho phakathi ezweni kuyindlela eqondileyo.
- Wothini hatshi kubugwelegwele. Abasebenzela ugatsha lwe ZIMRA lokuqoqwa kwemithelo kumele baveze inzuzo.

Umsebenzi 1 Sizikhathazelani ngomthelo? Ukumela inhlanganiso yethu.

Injongo: Ukuveza ukuthi kungani umthelo uqakathekile enhlanganisweni lasezigabeni ezitshiyeneyo.

Ingxoxo



Ingxoxo ngamaqembu: Xoxisanani ngalokhu elikutadishayo lamazwi acutshwe esahlukweni esithi “Sizikhathazelani ngomthelo: Kambe izibonelo eziveziweyo ziqakathekile kubo na? buza amaqembu ukuthi baxoxe ngendlela umthelo oqakatheke ngawo enhlanganisweni zabo lezigabeni abavela kuzo. Nxa amaqembu esexoxa bayekele babelane abakutholileyo.

3.0 Ukuthelisa, ingqubekela phambili lamalungelo oluntu

3.1 Izingcazelo



Imicijo kokhokhelayo

Sungula ngokubuza umbuzo kwabaphathekayo ngengcazelo zabo ngokubana ingqubekela phambili lamalungelo oluntu kuyini. Bhala amalungelo abakuphe wona lengcazelo zawo, uzinamathisele lapho ezikhanya khona. Abaphathekayo bangatsho izizatho ezokuthi kungani umthelo uqakathekile ekuletheni ingqubekela phambili lamalungelo oluntu ikakhulu uma sikhangele ezenhlalakahle lomnotho kanye lamalungelo ezemvelo bethathela ezigabeni ezidlulileyo.

Imicijo kokhokhelayo

Sungula ngokubuza umbuzo kwabaphathekayo ngengcazelo zabo ngokubana ingqubekela phambili lamalungelo oluntu kuyini. Bhala amalungelo abakuphe wona lengcazelo zawo, uzinamathisele lapho ezikhanya khona. Abaphathekayo bangatsho izizatho ezokuthi kungani umthelo uqakathekile ekuletheni ingqubekela phambili lamalungelo oluntu ikakhulu uma sikhangele ezenhlalakahle lomnotho kanye lamalungelo ezemvelo bethathela ezigabeni ezidlulileyo.

Ingqubekela phambili

Amalungelo oluntu athathwa njengemfanelo yawonke umuntu ngesizatho sokuthi ungumuntu. Amalungelo oluntu apiwe wonke umuntu emhlabeni okutsho ukubana umuntu angafaka uhulumende lomphakathi umlandu. Amalungelo lawo agxile esimisweni sokuthi bonke abantu bayalingana njalo balelungelo abangeke balithathelwa okuvikela izimilo zabo lokuba ngumuntu kwabo. Ukumiswa kwamalungelo oluntu emhlabeni wonke jikelele (UDHR) kuthathwa njengenziki lesisekelo esabangela ukuthi kunanzwe amalungelo oluntu emhlabeni.

Amalungelo agoqela ezomnotho, inhlalakahle lamalungelo abona ngamasiko (ESCR) agxile ku (UDHR) lawo. Amalungelo la avikela abantu ukuthi bathole okubafaneleyo kwezomnotho, inhlalo lamasiko abo. Isibonelo: ilungelo lokuthola umsebenzi, ilungelo kwezempilakahle, ilungelo lokuthola imfundo lelungelo kwezamasiko amqoka ESCR afakiwe ngaphansi kwezinqumo zeUDHR. Ngomnyaka ka1996, iESCR eyayisungulwe ingaphansi kweUDHR yathuthukiswa futhi kwafakwa indlela zokuthuthukisa izimiso zayo. Ngomnyaka ofanayo iUN yamukela izivumelwano ezimbili ezaletsa inkuthazo endabeni ezimayelana ngamalungelo abantu ku(20th century) njalo kukhanya kuqhubeka kusizukulwane sakhathesi (21st century). Izivumelwano ezenziwayo zigoqela esibona ngamalungelo oluntu lawombusazwe (ICCPR) lesivumelwano somhlaba wonke esibona ngamalungelo omnotho lokuhlalisana lamalungelo amasiko abantu (CESCR). I CESCR iphendla indlela ezizanika abantu ilungelo lokuthola umsebenzi, ilungelo lokubumba lokuba lilunga lenhlanganiso ezimela izisebenzi, ilungelo lokuthola uncedo kuhulumende, ilungelo lokuthola ukudla, ukuthola indawo yokuhlala, ukugqoka lokuthola imfundo.

Kuzwekazi leAfrica, iAfrican Charter on Human and People's Rights (ACHPR) iyinsika / inziki ekubunjweni kwamalungelo abona ngezomnotho, ukuhlalisana kwabantu lamalungelo kwezamasiko. njengeECESCR ikhuthaza njalo ukuthi kube lamalungelo okuthola umsebenzi, kwezempilakahle lemfundo.

Izimbabwe yavumelana leICESCR le ACHPR ngakho ilomlandu ukubana ibeke izimiso ezizaletha impumela enhle ngamalungelo abona ngamasiko ezizalwana zayo. Kodwa umgoqo ovimbela uzulu wakwele Zimbabwe ukuthi athole lawa malungelo yilokho okumunyethwe kusigaba (III)b kusisekelo sombuso seLancaster esitsho ukubana noma wuphi umthetho kumbe isivumelwano esamukelwa ngumongameli welizwe kumele sidlule edale lephalamende, njalo asingeki saba ngumthetho welizwe ngaphandle sesifakwe saba ngumthetho yiphalamende. Udubo lolu solwengezelelwe yikwephulwa kwamalungelo yizingatsha zikahulumende, ukuswelakala kwemali lokuswelakala kwengwabingwabi kwababusayo.

Imihlobo yamalungelo oluntu

Amalungelo oluntu afakwe ezigabeni ezintathu ezibalisa isizukulwane sakuqala, sesibili lesesithathu. Amalungelo esizukulwane sakuqala agoqela amalungelo kwezombangazwe wona akhulula umuntu munye ngamunye. Injongo emqoka ngamalungelo ezombusaswe yikuvikela umuntu ngamunye ekudluliseni amalawulo okungenziwa nguhulumende, yikho esaziwa njengamalungelo. Okubalulekileyo ngamalungelo yikuthi ayamkeleka, okutsho ukuthi angathonisiwa emthethwandaba.

Amalungelo akhangelane lezomnotho lalawo akhangelane lezenhlalakahle lamasiko aseluhlwini lwesizukulwane sesibili. Lawa malungelo abizwa ngokuthi ngamalungelo akhayo ngesizatho sokuthi apha uhulumende umlandu wokuthi athathe amanyathelo ekubunjweni kwemithetho lezimiso, ukubunjwa kwenhlelo lendlela zokuqoqa okudingakalayo okuzathuthukisa umnotho welizwe lamalungelo abona ngezenhlalakahle lamasiko. Okwakumgeke nge ESCR yikuthi iqala ukuphawulwa, ingqondo eyabakhona yayingeki ithonisiwe emthethwandaba. Ngokunjalo okwacutshungulwa emthethwandaba okusanda kwenzakala kuveza ukuthi elizweni lakithi lawangaphandle kwamkelekile njalo kulungile. Ezinye izinqumo zemthethwandaba kwezinye izigaba ziqakathekise amalungelo kwezokudla, indawo (zindlu) zokuhlala, okwezemvelo lamanzi konke lokhu ngokubalulekileyo. Kuvezwe njengempumelelo lentuthuko uma izigaba zifisa okulilungelo lazo ngalokho okusizungezileyo uma kukhangelwa ezemvelo.

Amalungelo akhangelane lesizukulwane sesithathu aziwa njalo ngokuthi ngawokumanyana kumbe amalungelo eqembu. Lawa amalungelo esizukulwane sesithathu ehlukena lamanye amalungelo ngoba wona agcizelela kakhulu iqembu lonke kumbe abantu besigaba. Ukuwakholisa kwawo kumbe ukuwephula kubamba iqembu lonke kumbe isigaba sonke, hatshi umuntu oyedwa. Izibonelo zamalungelo lawa zigoqela ilungelo kwezengqubekela phambili, ukuphila endaweni ehlanzekileyo, ukuthula, ukuzibusa lamalungelo abantu kumbe imihlobo emilutshwane elizweni. Akula zimiso kumbe imithetho enanza amalungelo lawa emhlabeni wonke jikelele. Okukhona yimithetho ebuthakathaka efana lalowo oweRio obhekane lokusizungezileyo lengqubekela phambili. Loba kungela mthetho owomhlaba wonke jikelele osekela amalungelo awesizukulwane sesithathu amanye amazwe abona amalungelo lawa eqakathekile okwabangela ukuthi bewafake emthethweni yesizekelo selizwe, okwaletha ukuthi ayamkelwe.

Njengoba sesike sakhangelana ngendaba zomthelo, lengcazelo zawo. Lokubana kungani sizihlupha ngomthelo, kungani umthelo uqakathekile, lokuthi amazwe alahlekelwa njani yinzuzo evela kumithelo ezahlukweni ezidlulileyo, kutholakala ukubana amalungelo akhangelane lezehlalakahle lezomnotho lamalungelo alokho okusizungezileyo atholakala ngaphansi kwamalungelo esizukulwane zesibili lezesithathu yiwo ayinsika yokukhankasela ukulunga komthelo. Lokhu kungenxa yokuthi amalungelo akhangelane lenhlalakahle lenotho njalo lalokho okusizungezileyo agoqela amalungelo okubana abantu bezigaba baphathiseke ngalokho okuyabe kuqoqwe endaweni zabo, ezemvelo, ilungelo lokuthola ulwazi, ukuphatheka ekwenzeni izinqumo eziphathelele lengqubekela phambili lelungelo lokuhambisa emthethweni uma amalungelo abo enyathazelwe kumbe nxa amalungelo abo engagcwaliswanga njengezizukulwane kumbe njengabantu ababhadala umthelo. Ingatsha ezixegayo ezokuqoqa umthelo, ukulahlekelwa yimali ngendlela ezingalunganga zokuthengiselana, ukusebenza kwamakhampani ayembayo labantu ababasekela ngemali kungaba lempumela enganqabela impumela enhle endabeni yamalungelo abantu mayelana ngenhlalo lezomnotho lamalungelo alokho okusizungezileyo kuqhubekelise phambili ukungathuthuki kwelizwe.

Njengoba kulomcabango ojwayekileyo ongaqondanga othi amalungelo ombusazwe aqakatheke kakhulu ukwedlula amalungelo esizukulwane sesibili. Kuqakathekile ukuthi sinanzelele ukubana amalungelo amayelana ngalokho okusizungezileyo, ezomnotho, inhlalakahle lezamasiko amqoka ekuthuthukiseni, ekuvikeleni lokugcwalisa amalungelo kazulu emazweni asathuthukayo anjengawe nyakatho kweAfrica. Amalungelo lawa amqoka ekuletheni ingqubekela phambili engapheliyo. Amalungelo ezemvelo, umnotho, inhlalakahle lezamasiko amqoka ekuqondiseni indingeko zengqubekela phambili emazweni asathuthukayo ezansi yeAfrica lapho ubuyanga obulokhu busanda. UMchena uthi uhlupho olukhulu uma kukhangelwe amalungelo oluntu emazweni asenyakatho yeAfrica lubangelwa yibuyanga, lokungalinganiswa kwamathuba lemibuso encindezelayo. Imithetho emayelana ngezemvelo, inhlalakahle lezomnotho ibaluhlupho ebantwini abahlala emadolobheni lasemaphandleni emazweni wonalawa okuhlanganisela lasezweni laseZimbabwe. Amalungelo abaliswe phezulu kangeke aqondiswa kuphela ngamalungelo ezombusazwe wona athuthukisa umuntu siqu sakhe kodwa ongaqondiswa ngamalungelo ezemvelo, umnotho, inhlalakahle kanye lamasiko wona alenjongo yokuvikela abantukazana (emphakathini) ngoba ajonge ukulungisela amaqembu lezigaba elizweni. Lokhu okuvezwe phambili kubeka sobala ukulunga komthelo lokukhankasela kokubhadalwa komthelo ngoba ukubhadalwa komthelo kungasetshenziswa ukusekela ingqubekela phambili lokuvikela amalungelo oluntu la.

Ukulunga komthelo ingqubekela phambili lamalungelo abantu / oluntu

Kulokukholelwa ukuthi ukubhadalwa kwemithelo kuqakathekile ekubutheleleni izimali ezingasetshenziswa ezabelweni zelizwe, okukhokhelela ekuletheni ingqubekela phambili lekwehliseni ubuyanga. Izilinganiso zomthelo kumele ziqoqwe kuhle ekwabeleni ukusetshenziswa kwemali ezigabeni ezimayelana ngomnotho; ukulinganiswa kwamathuba lokukhankasela ubuzwe bezizwalwane. Uhulumende munye ngamunye emhlabeni ulemilandu etshiyeneyo / eyehlukeneyo kuzizalwane. Amalungelo oluntu aveza imilandu leyi.

Njengokuvezwe ezigabeni ezidlulileyo, amalungelo oluntu kaphathi ezombusazwe kuphela kodwa agoqela amalungelo enhlalakahle lomnotho kanye lamalungelo emvelo. Okuncane okufunakalayo ekugcwaliseni amalungelo omnotho lenhlalakahle agoqela ukutholakala kokudla okwezizukulwane lokwezempilakahle, ukubapha indawo zokuhlala lokwezindlu lokubapha imfundo yaphansi yakuqala.

Amaqembu akhangelane lamalungelo oluntu kumele aphaatheke / azihluphe ngokuthi amalungelo oluntu agcwaliswa njani kumbe aphanjaniswa njani enhlelweni zokusetshenziswa kwemali okungadalwa yindlela ezixegayo njalo ezingalunganga ekubhadaliseni umthelo. Ngomnyaka ka1986 inhlanganiso ye UN yaveza sobala ubudlelwano phakathi kwamalungelo lawa lemali ezinikezwa ekufinyeleleni ukugcwalisa amalungelo lawa. Ama MDGs ngeyinye indlela esetshenziswayo ukobona ukuthi amazwe ayaphumelelisa inhlelo zamalungelo oluntu.

Ngesikhathi kukhuthazwa labo ababethe bazaphathisa ngezimali ukuze amaMDGs aqhubekele phambili ekhankasa kuqakathekile ukuthi sinanzelele ukuthi ukuzuzakala kwamalungelo lawa lokuqhubekela phambili enanzwa kufuna ukuthi aqoqe inotho ngokuthelisa. Ekuhlaziyeni okwenziwa yiTJN kusobala ukuthi kulobudlelwano obukhulu phakathi kwemithelo eqoqiweyo lempumelelo uma kukhangelwe amaMDG.

Imali ebuthelwayo elizweni ingabumba Isiphala semali esizasetshenziswa kunhlelo zengqubekela phambili, esikhathini esilandelayo. Amakhampani azimeleyo ezizalwane bengaphathisa ngokubhadala imithelo, kodwa ohulumende abanengi enyakatho yase Africa okugoqela iZimbabwe bayekethisa kakhulu indlela le yokubuthelela imithelo agxila ekubeni ngosikhangezile ngokweyama kuncedo oluvela ngaphandle kwamanzwe abo. Usizo oluvela ngaphandle lungancedisa ekuletheni ingqubekela phambili lokuyehlisa inani lobuyanga, kodwa akumelanga lube yilo lodwa amazwe angeyama kilo ukuthi aqede ubuyanga.



Imicijo kokhokhelayo

Kambe okubuthelwayo kuyasetshenziswa na ngemfanelo ekuphathiseni uhulumende ukuthi agcwalise imilandu yakhe ekuletheni ingqubela phambili ngamalungelo abantu? Uma kungenjalo uhulumende anganikwa umlandu wokungagcwalisi lokhu. Kuhlanganise lamalungelo oluntu atholakala kusisekelo sombuso.

Ubudlelwano phakathi kwenhlangothi ebona ngezokwemba lengqubela phambili



Imicijo kokhokhelayo

Uhlangothi olubona ngezokwemba luke lwahlolisisa ezigabeni ezidlulileyo kukhangelwa ukuthi amazwe alahlekelwa njani yizimali zomthelo. Khathesi gcizelela ukubana ukungakhokhelwa kuhle kwamakhampani amakhulu ngokuswelakala kwemithetho kungapazamisa njani imizamo yengqubela phambili elizweni. Abaphathekayo ababelane lokho abahlangana lakho ezigabeni zabo zelizwe lapho okulamakhampani ayemba / emba khona.

Inengi labantu enyakatho yaseAfrica leyame kulokhu abakutholayo emvelweni njengamatshe aligugu, ukuthiywa kwenhlanzi, inyamazana zendle lalokho okutholakala phakathi kwamagusu ukubana baphile. Ukuthathwa kwalokho okutholakala emvelweni kuphazamisa imvelo, umnotho, inhlobo lezamasiko abantu abahlala esigabei esithile hatshi umuntu oyedwa siqu sakhe. Ngenxa yalokhu amalungelo esizukulwane sesibili lesesithathu anikeza isisekelo esihle kakhulu ebantwini beziqinti ukuthi baziqoqe ukuze baphatheke, lokuthi bathole inzuzo kwezokwabelwa kuhle kwezemvelo njalo lokunikeza inkokheli umlandu.

Ukuthelisa labaswelayo: indaba yobulili



Imicijo kokhokhelayo

Tshengisa ukuthi zonke inhlangothi zilenhlupho ezitshiyeneyo nxa kukhangelwa ukulunga komthelo. Abaphathekayo abavela enhlangothini ezitshiyeneyo abaveze imibono yabo ngasebedlule kikho bengakangenisi ubulili phakathi kwengxoxo.

Izindlela zokuqoqa umnotho zimqoka ekuqondiseni kumbe ekuphazamiseni ukungalingani kwamathuba kwezomnotho phakathi kwabesilisa labesifazana lokhu kungaba mgceke kumbe kube kufihlakele.

Okumgceke kungaba yikuthi umthelo ofanayo ungaba lempumela engafananiyo ebantwini besifazana labesilisa kudalwa yikutshiyana kwezikhundla zabo empilweni kanye lemisebenzi abayenzayo kwezomnotho.

Isibonelo

- Umthelo ophezulu kulabo abasebenza isikhathi esifitshane ulakho ukuncindezela abesifazana kulabesilisa ngoba omama yibo abajayele ukusebenza imisebenzi yesikhatshana kulabobaba ngoba belomlandu wokukhulisa imuli. Inguquko emithelweni yabantu abazisebenzayo (presumptive taxes) layo njalo incindezela omama ngoba kuyibo abanengi kuluhlu lolu. Imithelo yokungeniswa kwempahla ezakwamanye amazwe ezweni layo incindezela omama kakhulu.
- Umthelo weVAT ngomunye oncindezela omama ngoba beyibo abathenga ukudla kwezinye izimuli ezikhokhelwa ngabesifazana.
- Abesilisa balakho ukuthola inzuzo ngokungabhadaliswa ikhopharethi tax lomthelo owomholo ngoba beyibo abanikazi bamabhezimusi njalo babambe ama shares kumakhampani uma kuqathaniswa labomama.

Kulezinye izindlela ezifihlakeleyo ezitholakala endleleni yokuqoqwa kwemithelo, phakathi kwendlela abesilisa labesifazane ababhadala ngayo imithelo. Elizweni lasePakistan endabeni zomthelo abesifazana balelungelo lokuvikela inzuzo yabo enengi ukuthi bangatheli kulabesilisa abasebenzayo. Ngakwelinye icele elizweni leSouth Africa kungakafiki umnyaka ka1994 abafazi abayendileyo babebhadala umthelo ophezulu kulabobaba abathethayo, ngakho kuqakathekile ukuthi labo abakhangela ngokulunga komthelo bacubungule impumela endaweni zobulili kunhlelo zabo abazibumbayo mayelana ngendaba zomthelo lokubuzisisa izindlela zokuqoqwa umthelo ezehlukanisa abantu ngobulili uma kukhangelwa ezokubhadalwa komthelo.



Kumutungamiri

Itai hurukuro muchidimbu neboka renyu, kuti vataure zvananofunga kuti zvingaitwe namafambisorwo anoitwa nyaya dzomutero muZimbabwe, zvichibata enzaniso pakati pavarume navakadzi nemitero. Pari zvino mamwe mapoka amadzimai ari kukurudzira kuti panorongwa mashandisirwo emari kufungwe nyaya dzesiyano pavarume navakadzi; jekesai nzvimbo yemitero pakuronga mashandisirwo emari.

Inhlolisiso: Ukuphatheka Kwabomama beSouth Africa kunhlelo zokusetshenziswa kwemali

I WBI yaqalisa ukusebenza eSouth Africa ngomnyaka ka1995 ngemva kokuqhutshwa kokhetho olukhululekileyo. Inhlanganiso leyi yayigxile ekuxwayisiseni ukuqeqetsha lokumela ubulili umakukhangelwa indaba zokuhlelwa kwemali yohlelo lokusetshenziswa kwemali yomnyaka. Ngomnyaka wokuqala iWBI yacubungula indaba ezine ezithi okwezindlu, imfundo, inhlalakahle yabantu njalo ngokwemisebenzi okugoqela ukungeniswa imisebenzi kukazulu lokomthelo. Ukucubungula kweWBI kwabeka sobala ukubana ilizwe leSouth Africa lasuka ekutheliseni okuqondileyo (Direct Tax) lisiya emthelweni ongekho sobala (Indirect Taxation) njalo ngendlela ezingacacanga ngobulili. Umthelo lowo¹³ongacacanga (Indirect Tax) uletha ukungalingani kakhulu kwabesifazana ngoba inani labantu abampofu litholakala kakhulu kwabesifazana. Ukuxwayisisa lokhu kwaveza impumela yolunye uhlobo lwemithelo kwabesifazana kwasokunikeza umbono wokubana indlela ezisetshenziswa ngokwemithelo ngohulumende zehlukanise ubulili ukuze ezinye incazelo ezingazwisisekiyo mayelana ngobulili ngendaba zomthelo. Ngeminyaka yama1990's uhulumende walandela eminye imiqondo eyavezwa yiWBI kwatshengiswa amabizo abesilisa labesifazana ababebhadala imithelo yabo. IWBI isiqhelise umsebenzi wayo emnyakeni ukubana igokele inhlangothi zonke ezibona ngokuhlelwa kwemali. Ngomnyaka wesihlanu iWBI yagxila kakhulu emithelweni eyabhadalwayo, ihlaziya indaba zobulili emithethweni yeSouth Africa emayelana ngokungeniswa kwempahla elizweni lokuthi ubulili buphathwa njani endabeni zemali esetshenziswa esigabeni.

Ngezinye indlela iWBI yaletha impumela enhle ekuhlaziyeni indaba zomthelo. Isibonelo esihle savezwa ngokukhankasa okwenziwa yiWBI lamanye amaqembu okwenza uhulumende asuse umthelo weVAT kuparafini eyiyo esetshenziswa kakhulu ngabantu abampofu. Isenzo lesi saletha impumela enhle ikakhulu uma kukhangelwe ukuthi ithengwa kakhulu ngabomama.

Umsebenzi I

Muzvikwata (izvo zvinoenderana nohuwandu hwavanhu) veboka vanofanira:

Akubunjwe amaqembu kusiya ngenani labantu abaphathekayo, abaphathekayo abayenze okulandelayo:

- Abaveze amalungelo abo lokuthi angathuthukiswa njani ngumthelo olungilelyo.
- Abaveze imisebenzi eyenziwa ngamakhampani ezigabeni zakubo laselizweni lokuthi abathuthukisa njani
- Abaxoxe ngenhlelo zengqubela phambili abazifiselayo ezigabeni zabo ezingathuthukiswa yimithelo eqoqwa nguhulumende.

Ukukhankasa (imicijo)

- Abaveze inhlelo ezingayenziwa nxa kulwiswanwa lemithelo engalunganga ebhekane labantu abampofu.
- Ukuphiwa ulwazi ngemithelo ebhadalwa ngamakhampani amakhulu ikakhulu atholakala kugatsha lokwembiwa.

